

# NAL'IBALI

Indlela yokwenzela izingane izindawo zokufunda ezinemibhalo eminingi

How to create print-rich learning environments for children



Ezinye izindawo zinemibhalo eminingi. Kulezi zindawo imibhalo isetshenziswa futhi iboniswe ngenxa yezinjongo ezihlukahlukene - izimpawu, izaziso, izikhangiso, amaphephabhuku, amaphephandaba, izincwadi, ama-timetable, amaphosta, izincwadi (letters), amakhadi, nokunye. Ingase ibe ngolimi olulodwa, noma izilimi ezimbili noma ngaphezulu.

Ezinye izindawo zinemibhalo embalwa kakhulu. Kanti ezinye azinayo nhlobo.

Kuba lula kakhudlwana ngezingane ukufunda ukuzifundela nokubhala endaweni enemibhalo eminingi ngoba izibonisa ukuthi ukufunda nokubhala kungasetshenziselwa ini. Nayi eminye imiqondo yendlela yokwenza indawo yokuhlangana yeqembu lenu lokufunda ibe yindawo enemibhalo eminingi.

Some environments are print rich. In these environments print is used and displayed for different purposes - signs, notices, advertisements, magazines, newspapers, books, timetables, posters, letters, cards, and so on. They may be in one language, or in two or more languages.

Other environments have very little print. Even others have none at all.

It is easier for children to learn to read and write in an environment that has lots of print in it because it shows them what reading and writing can be used for. Here are some ideas for how to make your reading club's meeting place a print-rich environment.

## Yenzani amaphosta amahle

- ☉ Zenzeleni awenu amaphosta nisebenzisa imidwebo noma izithombe ezivela emaphephabhukwini amadala namaphephandaba. Ningabhala umyalezo wenu noma isiqubulo ngolimi olulodwa, ezimbili noma ezengezive.
- ☉ Yenzani amaphosta anemilozelo, izingoma nezimfombe ngezilimi ezihlukahlukene. Cela izingane zakho zikunike amacebiso futhi usebenzise nalawo owaziyo.
- ☉ Wafunde kanye nezingane, ukhomba amagama njengoba ufunda.
- ☉ Beka amaphosta lapho izingane zizowabona khona kalula. Khumbula ukuba uwashintshe njalo ukuze izingane zingabhoreki.

## Make beautiful posters

- ☉ Make your own posters using drawings or pictures from old magazines and newspapers. You can write your own message or slogan in one, two or more languages.
- ☉ Make posters with rhymes, songs and riddles in different languages. Ask your children for suggestions and use ones you know.
- ☉ Read them with the children, pointing to the words as you read.
- ☉ Display posters where the children can see them easily. Remember to replace them regularly so that the children do not become bored by them.

## Yenza amashadi ama-alfabethi

Amashadi ama-alfabethi enza izingane zibone ukuthi yiziphi izinhlamvu zamagama ezikhona, nokuthi ungazisebenzisa ukusiza ukuba zisho ukuthi izinhlamvu zamagama zihambisana namiphi imisindo. Yenza futhi ubonise izinhlobonhlobo zamashadi ama-alfabethi. Dweba izithombe ngohlamvu ngalunye lwegama ezizosho okuthile ezinganeni zakho - noma okungcono nakakhulu, zicele ukuba zidwebwe isithombe sohlamvu ngalunye lwegama bese zisebenzisa lezo zithombe ukwakha amashadi akho ama-alfabethi. Izingane ziyathanda ukwakha isithombe sama-alfabethi sazo uqobo zisebenzisa uhlamvu lokuqala lwegama lazo.



## Make alphabet charts

Alphabet charts let children see what letters exist, and you can use them to help match letters to sounds. Make and display different kinds of alphabet charts. Draw pictures for each letter that would be meaningful to your children - or better still, ask them to draw a picture for each letter and use these to create your alphabet charts. Children love to make an alphabet picture of themselves using the first letter in their name.

## Yibani nezinto ezingi eningazifunda!

Yiba ngumqoqi wezinto ezingase zifundwe abanye asebeqedile ukuzifunda. Qoqa amaphephandaba namaphephabhuku, amamenyu asezitolo ezithengisa ukudla okuphekiwe, amapheshana anika ulwazi, amaphepha ezinhlelo zezitimela noma zamabhasi kanye namakhadi amadala okubingelela. Ngezinye izikhathi lezi zinto ziba nezinto ezijabulisayo eningazifunda, zingaba nayizinsiza lapho nilingisa emdlalweni noma zingase zisikwe futhi zisetshenziswe yizingane zakho lapho zizenzela awazo amakhadi noma amaphosta.



## Have lots to read!

Be a collector of things to read that others have finished reading. Collect newspapers and magazines, menus from take-away outlets, information pamphlets, train or bus timetables and old greeting cards. These sometimes contain interesting things to read, can be props to act with or can be cut up and used by your children when they make their own cards or posters.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.  
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

# Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Indlela imilolozelo yasenkulisa engasiza ngayo entuthukweni yengane

## Literacy Seeds!

How nursery rhymes can help a child's development

NguRina Francis • By Rina Francis

Bazali abathandekayo nabanakekeli bezingane ezisencane, lapho nisho imilolozelo nezingane zenu, anakhi nje isibopho kuphela nazo, kodwa futhi niyasiza ekuthuthukeni kwazo ngezindlela eziningi. Nakuba abantwana bengakakwazi ukukhuluma noma ukwenza iminyakazo ethile, bayathanda ukuzwa izwi lakho nokudlala nawe ngendlela yabo.

Dear parents and caregivers of young children, when you say rhymes with your children, you are not only creating a bond with them, but you are also aiding their development in many ways. Even though babies cannot talk or do voluntary movements, they love listening to your voice and interacting with you in their own way.

Bafunda ulimi ngokulalela imisindo eyenziwa ngabanye abantu futhi bangaqonda amagama nezincacelo zawo kusekude kakhulu ukuba baqale ukukhuluma. Bayazama ukulingisa imisindo abayizwayo futhi bangaveza imizwa yabo lapho bekwitiza.

Kusukela lapho bezalwa ukuya ezinyangeni eziyisithupha, abantwana abakwazi ukulawula iminyakazo yemizimba yabo. Ngakho-ke, ungazinyakazisa izingalo nemilenze yabantwana bakho lapho usho imilolozelo kubo. Njengoba izingane zithuthuka, zingafunda ukuzenzela ngokwazo le minyakazo.

Lapho nje umntanakho esekwazi ukuhlanganisa izandla ndawonye, ningasho imilolozelo ehlanganisa nokushaya izandla. Lokhu kusiza ekwenzeni izinto zihambisane.

Imilolozelo yasenkulisa iyithuluzi elikahle lokufunda okwenzeka umuntu enganakile futhi ngendlela ejabulisayo.

They learn language by listening to the sounds that others make and can understand words and their meanings long before they start speaking. They try to imitate the sounds they hear and can express emotions when they babble.

From birth to six months, babies cannot control the movements of their bodies. You can, therefore, move your baby's arms and legs while saying rhymes to them. As children develop, they can learn to do these movements by themselves.

As soon as your baby can bring their hands together, you can say rhymes that incorporate hand clapping. This helps with coordination.

Nursery rhymes are a wonderful tool for learning that happens unconsciously and in a fun manner.

### Izinzuzo zokusebenzisa imilolozelo

- \* **Ukuthuthuka kokuqaphela izinto** Imilolozelo ngokuvamile mifishane futhi iyaphindaphinda futhi inezinto ezilandelayo namaphethini. Amaphethini akha isisekelo sazo zonke izilimi nezibalo. Njengoba umlolozelo umfushane futhi uphindaphinda, kulula ukubamba izinto ngekhandla.
- \* **Ukuthuthuka kolimi** Ingane yakho izwa amagama amasha najwayelekile anemisindo efanayo (umlolozelo) kanye nalawo azwakala engafani.
- \* **Ikhono lokucabanga izinto** Umlolozelo uxoxa indaba eshukumisa umcabango wengane. Lapho iya iba miningi imilolozelo ingane yakho eyizwayo, ziba ziningi izinto engacabanga ngazo.
- \* **Ukuthuthuka kwezenhlalo nangokomzwelo** Abalingiswa abasemilolozelweni ngamunye unemizwelo yakhe. Izingane zakho zizokhuthazeka ukuhlola le mizwelo. Imilolozelo ivamile nokuba ihlekise, yingakho izingane ziyithanda kangaka!
- \* **Ukuthuthuka okungokoqobo** Imilolozelo eminingi iyalingiswa ibe umdlalo. Izingane zingathuthukisa imisipha yazo ebangela iminyakazo emikhulu bese kuthi kamuva, kube yimisipha ebangela iminyakazo emincane.

### The benefits of using rhymes

- \* **Cognitive development** Rhymes are usually short and repetitive and have sequences and patterns. Patterns form the basis of all languages and maths. Since a rhyme is short and repetitive, it is easy to memorise.
- \* **Language development** Your child hears new and familiar words that have similar sounds (rhyme) and those that do not sound similar.
- \* **Creativity** A rhyme tells a story that stimulates their imagination. The more rhymes your child hears, the more things they can think about.
- \* **Social and emotional development** The characters in rhymes each have their own emotions. Your children will be encouraged to explore these emotions. Rhymes are also often funny, which is why children love them so much!
- \* **Physical development** Most rhymes are acted out. Children can develop their gross motor muscles and later, their fine motor muscles.



Drive your imagination

**Nayi imilozelo embalwa ongayisho ezinganeni zakho.**



Here are some rhymes that you can say to your children.



**Umzimba wami**

*Khanda, amahlombe amadolo, nezinzwane (khomba ikhanda, amahlombe, amadolo, nezinzwane ngeminwe yakho)*

*Ikhanda, amahlombe amadolo, nezinzwane (khomba ikhanda, amahlombe, amadolo, nezinzwane ngeminwe yakho)*

*Namehlo, izindlebe, umlomo, nekhandla (khomba namehlo, izindlebe, umlomo, nekhandla ngeminwe yakho)*

*Izingalo, imilenze, isifuba nezinyawo (khomba izingalo, imilenze, isifuba nezinyawo ngeminwe yakho)*

Yisho lo mlolozelo kumntanakho kuyilapho uthinta ngobumnene ikhanda, amehlo, izindlebe, umlomo, amahlombe, isifuba, ingalo, umlenze, amadolo, izinyawo, nezinzwane. Ezinganeni ezineminyaka emibili ukuya kweyisithupha, ungathinta ikhanda lakho (nezinye izingxenye zomzimba) kuyilapho zona zikulingisa. Lokhu kuzozisiza ukuba zifunde izingxenye zazo zomzimba nezinzwa zazo.

**Two little eyes**

Two little eyes to look around.

Two little ears to hear each sound.

One little nose to smell what's sweet.

One little mouth that likes to eat.

Say this rhyme to your baby while gently touching their face. For children two to six years old, you can touch your face while they copy you. This will help them to learn about their body parts and their senses.

**Imvula**

Ngizwa imvula, ngizwa imvula

Wena awuzwa, wena awuzwa

Bheka sesimanzi, bheka sesimanzi,

Chapha chapha chapha, chapha chapha chapha




**The moon is round**

The moon is round (*circle face with finger*)

As round can be

Two eyes, a nose (*touch eyes and nose*)

And a mouth, like me (*touch the mouth*)



**Mina ngiyisicathulo**

Mina ngiyisicathulo, mina ngiyisicathulo  
*(beka isandla sakho esifubeni lapho uthi, "Mina")*

Bonke abantu banyathela ngami!

Manje sengigugile, manje sengigugile!

Senginje, nginje, nginje!



**Spider (Finger play)**

I have a little spider,

I'm very fond of him. (*move fingers to imitate a wiggling spider*)

He crawls up to my shoulder, (*move with fingers up to your shoulder*)

and right round to my chin. (*move with fingers up to your chin*)

He jumps up to my nose, (*with your hand jump to your nose*)

And then on to my head, (*with your hand jump to your head*)

And when he's very sleepy

He runs back down to bed. (*wiggle fingers and place them in your hand*)



**Thula Sana (lullaby)**

Thula thu thula sana, thula mntwana

Thulu mam'uzobuya ekuseni

Thula thu thula mntwana thula sana

Thulu mam'uzobuya ekuseni

Wuwu wu wuwu wuwu wuwu wuwu

Wuwu wu wuwu wuwu wuwu wuwu



**Teddy Bear (Body movement)**

Teddy Bear, Teddy Bear, turn around.

Teddy Bear, Teddy Bear, touch the ground.

Teddy Bear, Teddy Bear, jump up high.

Teddy Bear, Teddy Bear, touch the sky.

Teddy Bear, Teddy Bear, bend down low.

Teddy Bear, Teddy Bear, touch your toes.

Teddy Bear, Teddy Bear, turn off the light.

Everybody say shhh!

Teddy Bear, Teddy Bear, say goodnight!



# Amasu ayisi-8 okwabelana ngezincwadi nezingane ezineminyaka eyisi-6 ukuya kweyisi-9 ubudala

## 8 tips for sharing books with 6- to 9-year-olds



Phakathi nobudala beminyaka eyisithupha neyisishiyagalombili, izingane eziningi zifunda ukuzifundela ngokwazo. Kodwa kuso sonke lesi sigaba sokuthuthuka kokufunda nokubhala kwezingane zakho, kufanele wena uqhubeke uzifundela futhi uzinike isibonelo sendlela esifunda ngayo.

Between the ages of six and nine, most children learn to read for themselves. But throughout this phase of your children's literacy development, you should continue to read to them and provide them with a model for how we read.

1. Vumela izingane zakho ukuba zikhethe izincwadi ezizikhangayo. Kangingi izingane zithola umlobi, uhlobo noma uchungechunge eziluthandayo, futhi lokhu kungase kuzikhuthaze ukuba zifunde izincwadi ezengeziwe.
2. Njengoba ziqala ukuzifundela ngokwazo, siza izingane zakho ukuba zikhethe izincwadi ezingelukhuni kakhulu ukuze zikwazi ukuba nezikhathi eziningi ezifunda ngazo ngokuphumelelayo.
3. Zigcinele wena izincwadi ezinzima kakhudlwana ukuze uzifundele izingane zakho.
4. Yakha amathuba okuba zikufundele. Isibonelo, shintshanani ngokufundelana ngaphambi nje kwesikhathi sokulala. Noma veza icebiso lokuthi mazizame ukusebenzis amakhono azo amasha ngokufundela ingane yakubo encane.
5. Siza izingane zakho ukuba zihlanganise lokho ezifunda ngakho kanye nokuphila okungokoqobo. Isibonelo, uma zifunda ngesikole, lokho kuhlanganise nalokho okwenzeka ekuphileni kwazo esikoleni.
6. Yandisa izindaba ngokucela izingane zakho ukuba zicabange ukuthi kungani abalingiswa benze izinto ngezindlela ezithile, kanye nokuthi yini zona ebezingayenza ukube bezisesimweni esifanayo.
7. Ungazivumeli izingane zakho zihambe ekhaya zingayiphethe incwadi. Zikhuthaze ukuba zifunde yonke indawo – ngisho nasemotweni noma ebhasini!
8. Yenza ukuba izingane ezindadlana zithole izincwadi ezithe ukuba zinde ezinezahluko. Zamani ukufunda isahluko esisodwa noma ezimbili usuku ngalunye.




1. Let your children select books that appeal to them. Children very often find an author, genre or series they like, and this might encourage them to read more books.
2. As they start to read on their own, help your children choose books that are not too difficult so that they are able to have many successful reading experiences.
3. Keep more difficult books for you to read to your children.
4. Create opportunities for them to read to you. For example, take turns reading aloud to each other just before bedtime. Or suggest that they try out their new skills by reading to a younger sibling.
5. Help your children make connections between what they are reading about and real life. For example, if they are reading about school, link it to their own experience of school.
6. Extend stories by asking your children to think about why characters behaved in certain ways, and what they might have done if they were in the same situation.
7. Don't let your children leave home without a book. Encourage them to read everywhere – even in the car or on the bus!
8. Expose older children to longer books with chapters. Try to read a chapter or two each day.

### Yandisa ilayibrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



### Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your imagination



“You can’t eat that!”  
I tell her.  
I help her put the worm back  
into the flower bed.

“Ayidliwa leyonto,”  
ngimtshela.  
Ngiyamsiza ukuba asibuyisele  
engadini! yezimballi.

Looking after a baby is hard work. This baby tries to eat everything – wooden blocks, paper and even a worm! **But you can’t eat that!**

This story was specially created for Nal’ibali to spark children’s potential through storytelling and reading for enjoyment.



Ukunakekela ingane kungumsebenzi onzima. Le ngane izama ukudla yonke into – amabhulokho okhuni, iphepha ngisho nesibungu! **Kodwa ayidliwa leyonto!**

Le ndaba yenzelwa iNal’ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

### Get story active!

- ★ Draw pictures of your favourite foods. Write the name of the food next to your picture. If you like, ask for help to write the name correctly.
- ★ Cut out pictures of different kinds of food from old magazines: healthy food, raw and cooked food, fresh and spoilt food. Place the pictures upside-down on a flat surface. You and your playmates take turns to choose a picture. If you choose unhealthy food, rotten or spoilt food or food that needs to be cooked before you can eat it, like potatoes, the others must say, “You can’t eat that!” If you choose a picture of food that can be eaten, they must say, “Yum!”

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dweba isithombe sokudla okuthanda kakhulu. Bhala igama lalokho kudla eceleni kwesithombe sakho. Uma uthanda, cela ukuba bakusize ukuze ulibhale kahle igama.
- ★ Sikani futhi nikhiphe izithombe zokudla okunhlobonhlobo kumaphephabhuku amadala: ukudla okunempilo, ukudla okuluhlaza nokuphekiwe, ukudla okusanda kwenziwa nokonakele. Bekani izithombe zibheke phansi endaweni eyisicaba. Wena nalabo odlala nabo shintshanani ukukhethe isithombe. Uma ukhethe ukudla okungenampilo, ukudla okubolile noma okonakele noma ukudla okudinga ukuphekwa ngaphambi kokuba ukudle, njengamazambane, abanye bangase bathi, “Ayidliwa leyonto!” Uma ukhethe isithombe sokudla okungase kudliwe, kumele bathi, “Kwaze kwamnandi!”

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

Ngolunye usku olushisayo, uMama uthi, “Masiye ngaphandle. Umoya opholile uzosizuzisa sonke.”  
Vendla ingubo otshani! egcekeni ekhaya ngasemuva futhi mina ngibeka amabhulokho namathoyizi athambile kaddadewethu phezu kwayo.

Udadewethu uphonsa ibhulokho egcekeni futhi sobabili siyakhasa siyalilandela. Ngiyamdedela ukuba awine. Kodwa lapho efika ongenqemni lwengadi yezimballi, uyama futhi abheke phansi! Kunesibungu esikhuluphele, esiphinki, esilokhu singakazi!

Udadewethu uyasithatha futhi ... akhamise! Ngifika kuye ngesikhathi.

One sunny day, Mom says, “Let’s go outside. The fresh air will do us all good.” She puts a blanket on the grass in our yard and I put my sister’s blocks and soft toys on it.

My sister throws a block across the yard and we both crawl after it. I let my sister win. But when she gets to the edge of the flower bed, she stops and looks at the ground.

There is a fat, pink, wiggly worm!  
My sister picks it up and ... opens her mouth!  
I get to her just in time.

## You can’t eat that!



## Ayidliwa leyonto!


Rosemarie Lewis • Ndumiso Nyoni

**Ideas to talk about:** Have you ever had to look after a young child? Did you enjoy looking after the child? Why or why not? What is your favourite thing about young children?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Ingabe kwake kwadingeka ube ngumbhaki wengane encane? Ingabe wakujabulela ukubheka ingane? Kungani wakujabulela noma kungani ungakujabulelanga? Yini oyithanda kakhulu ngezingane ezincane?



“You can't eat that!”  
I tell her.  
“Ayidiwa leyonto,”  
ngimtshe!a.




“You can eat that!”  
... And she does!

“Ungakudla lokhu.”  
... Ube eselidla!



Kodwa nomfana wayefuna ukufunda  
ukubhukuda.




But the boy also wanted to learn to swim.



... inhlanzi yavele yaphila!

... and the fish came alive!

Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)



### Get story active!

- ★ Draw a fish with fins, big eyes and scales. Colour in your fish with bright colours.
- ★ Write up a poem or song about a fish or swimming. Act out your poem or song to your family or friends.
- ★ Make your own fish! Draw an outline of a fish on some cardboard. Cut out your fish. Glue bottle tops, buttons, pieces of plastic or anything else you can find onto your fish to create its face and fins, and to make shiny scales on its body.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Dweba inhlanzi enezimpiko (fins), amehlo amakhulu namazenga (scales). Yifake imibala egqamile inhlanzi yakho.
- ★ Bhala inkondlo noma ingoma ngenhlanzi noma ngokubhukuda. Yenza iminyakazo yokuyilingisa inkondlo noma ingoma yakho emndenini wakini noma kubangane bakho.
- ★ Zenzele eyakho inhlanzi! Dweba nqenqema lwenhlanzi ekhathonini. Sika futhi ukhiphe inhlanzi yakho. Namathisela nge-glue izivalo zamabhodlela, izinkinobho, iziqeshana zamapulasitiki noma nanoma yini enye ongase uyithole enhlanzini yakho ukuze wakhe ubuso bayo nezimpiko, kanye nokwenza amazenga acwebazelayo emzimbeni wayo.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).




UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

## The fish that couldn't swim



## Inhlanzi eyayingakwazi ukubhukuda

Sarah Gaylard • Thulisizwe Mamba •  
Gisela Strydom


**Ideas to talk about:** Can you swim? How do you move your arms, legs and head when you swim? If you can swim, who taught you how to do it? If you cannot swim, is there someone who can teach you? It's lots of fun!

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Uyakwazi yini ukubhukuda? Uzinyakazisa kanjani izingalo zakho, imilenze nekhanda lapho ubhukuda? Uma ukwazi ukubhukuda, ubani owakufundisa? Uma ungakwazi ukubhukuda, ukhona yini umuntu ongakufundisa? Akuve kumnandi!




Ngakho wayifaka emanzini ...

So he put it in the water ...




There once was a boy who could run and jump and climb. He could even make a noise like a seagull. But he couldn't swim. And oh, how he wanted to.




So the fish showed the boy how to put his mouth in the water and blow.

And so, the boy who could run and jump and climb, and even make a noise like a seagull, learnt to swim like a fish.

Ngakho-ke, umfana owayekwazi ukugijima nokugxuma kanye nokucaca, futhi ekwazi ngisho nokwenza umsindo njengedada lasolwandle, wafunda ukubhukuda njengenhlanzi.



Akubona nobumandi! lobu ababuzwayo!



What fun they had!


Wayefuna ukuyisiza inhlanzi!




He wanted to help the fish.



Kwake kwaba khona umfana owayekwazi ukugijima nokugxuma kanye nokucaca. Wayekwazi ngisho ukwenza umsindo ofana nowedada lasolwandle. Kodwa wayengakwazi ukubhukuda. Kanti maye, wayengeve ekufuna.





Kwathi ngelinge ilanga wabona  
ihlanzi nayo eyayingakwazi  
ukubhukuda!


Then one day he noticed a fish that  
couldn't swim either!




Ngosuku olulandelayo, umfana  
wakhumbula lokho ihlanzi  
eyayingfundise khona.



The next day, the boy remembered  
what the fish had taught him.






Ube esebona uvemvane. Luhle kakhulu. Udadewethu uyahleka futhi ashayé izandla. Lokhu kwenza uvemvane lundize luhambe. Lokho kwenza udadewethu akhale!

Then she sees a butterfly. It is very pretty. My sister laughs and claps her hands. This makes the butterfly fly away. And *that* makes my sister cry!

“Well, every time she puts something in her mouth you tell her she can’t eat it! Now she thinks she can’t eat the rusk!” laughs Mom. “I think you’re going to have to tell her that she can eat the rusk.”  
So I pretend to take a bite of my sister’s rusk. Then I hold the rusk out to her and say,

“Phela, njalo lapho efaka into emlonyeni wakhe umtshela ukuthi ayidliwa! Manje ucabanga ukuthi alidliwa ibhisikidi!” uMama ehleka. “Ngicabanga ukuthi kuzodingeka umtshela ukuthi angalidla ibhisikidi.”  
Ngakho ngenza sengathi ngiyaliluma ibhisikidi likadadewethu. Bese ngimnika lona ibhisikidi ngithi,



Udadewethu uhlela ehloa izinto. Lapho ethola iphephandaba phansi, uyalifohloza futhi alishaye phansi. Ngibe sengimjoyina futhi kwenza umsindo ohlekisayo! Kodwa ngemva kwesikhathana, ufaka iphephandaba emlonyeni wakhe futhi libe manzi lithambe. Kudingeka ngilise kuye.

My sister is always exploring. When she finds newspaper on the floor, she scrunches it up and bangs it on the floor. I join in and it makes a fun noise! But after a while, she puts the newspaper in her mouth and it gets very soggy. I have to take it away from her.

My baby sister is really cute. She has a nice smile and she giggles at everything. She starts giggling as soon as she wakes up and she only stops when she goes to sleep. Sometimes Mom lets me look after my sister. It’s not easy because she tries to eat everything!

Udadewethu omncane muhle ngempela. Umamatheka kahle futhi uyagigitheka kuzo zonke izinto. Uqala ukugigitheka lapho nje evuka futhi uyoze ayeke lapho eyolala. Ngezinye izikhathi uMama uyangivumela ukuba nginakekele udadewethu. Akulula ngoba uzama ukudla yonke into!



# INal'ibali ku-Open Book Youth Festival



# Nal'ibali at the Open Book Youth Festival

Kusukela ngomhla ka-13-20 kuNdasa walo nyaka, iNal'ibali yahlanganyela ne-The Book Lounge kanye nezinye izinhlangano zokufunda nokubhala, kuhlanganisa ne-Library and Information Services, phakathi ne-Open Book Youth Festival eKapa. Lokhu kungokwesibili kuphela lapho i-Open Book yayisingethe khona iFestivali Yentsha iyodwa, eyayigxile ekuxoxweni kwezindaba, ama-workshop, izingxoxo, nezinhlelo lapho izethameli zingabamba khona iqhaza esiteji ezikoleni eziswele izidingo nasemalayibhrari omphakathi nakwezinye izikhungo zezingane. IFestivali Yentsha yayihlanganisa nezimbongi, abalobi, abenzi bemidwebo nabaxoxi bezindaba abazinze eNingizimu Afrika, iningi labo elizinze endaweni yaseCape Town.

Umxhumanisi weNal'ibali waseWestern Cape wasebenza emalayibhrari aseKhayelitsha naseCentral. Izingane lapho zakhuthazwa ngabaxoxi bezindaba ukuba zibambe iqhaza ngokubonakalayo ngezingoma nemilolozelo, ukuxoxwa kwezindaba nezikhathi zokufunda nokwenza imidlalo yezindaba ezivela ezithasiselweni zeNal'ibali. Izingane, abasebenzi kanye nezisebenzi zasemalayibhrari bonke bajabulela lezo zinhlelo, futhi sekuhlelwe neminye imicimbi yokufunda nokubhala yezingane kulo lonke leli zwe.

Nazi ezinye zezibalo zeFestivali Yentsha:

From 13 to 20 March this year, Nal'ibali joined hands with The Book Lounge and other literacy organisations, including Library and Information Services, during the Open Book Youth Festival in Cape Town. This is only the second time that Open Book has hosted a dedicated Youth Festival, which focused on storytimes, workshops, discussions, and open mic sessions in under-resourced schools and public libraries and other venues for children. The Youth Festival included poets, writers, illustrators and storytellers based in South Africa, with the bulk of them based in the Cape Town area.

Nal'ibali's Western Cape Provincial Co-ordinator worked in the Khayelitsha and Central libraries. The children there were inspired by storytellers to actively participate in songs and rhymes, storytelling and reading sessions and doing story activities from our Nal'ibali supplements. The children, practitioners and librarians all enjoyed the sessions, and more literacy events have been planned for children throughout the country.

Some statistics from the Youth Festival:



Inani lemicimbi	27	Number of events
Inani lababambiqhaza	20	Number of participants
Inani lezingane ezazikhona emicimbini	784	Number of children included in events
Inani lezincwadi elanikwa izingane	496	Number of books given to children



Kwenziwa izincwajana ozisika futhi uzikhiphe uzigcine uzisusela ezithasiselweni zeNal'ibali eHarare Library, eKhayelitsha

Making cut-out-and-keep booklets from the Nal'ibali supplements at Harare Library, Khayelitsha

UNonopha Magula, oyisiSebenzi saseLayibhrari Yezingane, noCarol Titus, uMxhumanisi weNal'ibali esiFundeni saseWestern Cape, babelana ngezingaba futhi benza nemidlalo nezingane eCape Town Central Library

Nonopha Magula, the Children's Librarian, and Carol Titus, the Nal'ibali Western Cape Provincial Co-ordinator, share stories and do activities with children at Cape Town Central Library



Drive your imagination



## UMatty nesihlahla sama-aphula esinomlingo



NguBradley Pause ■ Imidwebo nguNatalie noTamsin Hinrichsen

Kwake kwaba nowesifazane osemusha ogama lakhe nguMatty. Wayehlala epulazini elincane, lapho kwakunomhlabathi oqinile futhi kunzima ukusebenza khona. Kodwa uMatty wayengeyena umlimi ovamile. Ngokuzimisela wasebenza kanzima elangeni elishisa bhe ukuze akhulise imifino eyanele ukuba ayithengise emakethe ephithizelayo eyayiseduze naye.

Lapho izitshalo sesivuthiwe, futhi esenokwanele ukuba abelane ngakho nabanye, uMatty wagcwaliswa ubhasikidi wakhe futhi waqonda emakethe, izihlathi zakhe zigcwele injabulo. "Namuhla ngizoyithengisa yonke le mifino futhi mhlawumbe ngizozitholela intandokazi yami," esho.



Phela, intandokazi kaMatty yayimlindle emakethe. Kwakungama-aphula – ama-aphula amakhulu, anojusi, ehla esiphundu. Wayezifela ngoshukela owawugcwele kuwo. Ayengumvuzo wakhe wawo wonke umsebenzi onzima ayewenza.

Ekolosini elithile lezithelo, uMatty wahlangana nogogo onobungani, onezihlathi ezingathi ngama-aphula avuthiwe. Amehlo kagogo aqhakaza njengoba ayebona uMatty emangazwe yizithelo ezimibalabala.

Ingqondo kaMatty yadideka njengoba ayecabanga ukuthi yimaphi ama-aphula okwakumele awathengele umbhako wakhe olandelayo. "Ama-aphula abomvu, amnandi ekhekheni," uMatty esho kakhulu njengoba ethatha i-aphula elibomvu. "Mhlawumbe nama-aphula amaGranny Smith ngenze ngawo uphaya, kanye namaHoney Crisp ambalwa okwenza ama-muffin. Futhi nakanjani nama-aphula amaGolden Delicious okwenza i-apple crumble efudumele." Njengoba ayebiza i-aphula ngalinye, uMatty wayelifaka kubhasikidi wakhe.

Ugogo wancincitheka. Welula isandla futhi wanika uMatty i-golden apple. "Noma ubani othanda ama-aphula kangaka, ufanelwe yintandokazi ekhethekile. Nayi, thatha leli aphula elikhethekile. Liyohlale likulethela injabulo," kusho ugogo.

"Ngiyabonga kakhulu," kusho uMatty ngokwazisa. I-golden apple yayinkudlwana futhi iyinhle kunanoma yiliphi i-aphula ayeke walibona. Wayengeve ejahile ukufika ekhaya, ayizwe.

Njengoba ilanga lalilizahlala kunina, uMatty wabuyela epulazini lakhe. Wawahlala kahle futhi wawawasha wonke ama-aphula, elokhu ecula evale umlomo ngenjabulo njengoba esebenza. Wayezobhaka zonke izibiliboco ayeke wazicabanga, kodwa wazibekela eceleni i-golden apple ukuze azimince ngayo yena.

Lapho nje uMatty esehlele futhi wawasha wonke ama-aphula, wathatha i-golden apple yakhe ekhethekile. "Manje-ke sekuyisikhathi sokuziminca," esho. Kodwa njengoba ayeselungele ukuluma, kwaqhamuka ikhanda elincane embotsheni ye-aphula.

"Ungangidli bo!" kumemeza isibungu.

UMatty waliwisa phansi ngokumangala i-aphula. "Mhlola muni lo?" ekhokha umoya.


Isibungu saphuma sinyobozela, sisho ngamehlo amakhulu futhi kungathi siyaxolisa. "Ngiyaxolisa ukuzibusisa nge-aphula lakho, kodwa belimnandi kakhulu!" sisho.

UMatty wavele waxakeka nje ukuthi acasuke yini noma cha. Ugogo wayethe leli aphula laliyohlale limlethela injabulo, kodwa manje wayengasaqiniseki.

Ekugcineni uMatty wakhapha umoya kakhulu futhi wathi, "Sibungu esincane, unenhlahlala ngokuthi namuhla ngijabulile. Ngizogqiba leli aphula lakho engadini ngasemuva ukuze ulidle kahle ngokuthula, ungaphazanyiswa yizinyoni."

Njengoba uMatty ayefaka i-aphula emgodini ayewumbe enhlabathini, isibungu sathi, "Sala kahle, Matty. Ngiyathembisa ukuthi ngizokubuyisela ngomusa wakho." UMatty waphakamisa isandla evalelisa futhi wabuyela ekubhakeni kwakhe.

Ngakusasa ekuseni, njengoba kwakuphuma imisebe yelanga yokuqala igcwala esibhakabhakeni, amehlo kaMatty avuleka futhi wezwa iphunga elimnandi ayengakaze alizwe. Waphuthuma phandle futhi wakhaxa wukumangala. Ngaphambi kwakhe, kwakumi isizemazema sesihlahla sama-aphula, amagatsha aso esindwa ngama-aphula amahle kunawo wonke ayeke wawabona.



UMatty wadansa wazungeza isihlahla, uhleko lwakhe luhlangene nomculo wezinyoni. Wakha ama-aphula, ngalinye ngalinye, emangele ngesimangaliso esasenzeke ngobusuku obubodwa.

Ngalelo langa kusihlwa, uMatty wabuyela esihlahleni, wabeka i-muffin ayesanda kuyibhaka ezimpandeni zaso. "Ngiyabonga," esho ngezwi eliphansi. "Wayeqinisele ngempela ugogo ngoba lesi sihlahla ngempela siyohlale singilethela injabulo!"

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Yisiphi isithelo osithanda kakhulu? Dweba isithombe saso. Ngaphansi komdwebo wakho, bhala umusho othi, "Isithelo engisithanda kakhulu ...". Ungacela omunye umuntu ukuthi akusize ubhale umusho wakho.
- ★ Bhala uhlu lwazo zonke izinto ongazenza ngesithelo sakho osithanda kakhulu. Kungaba yinto ongayibhaka noma uyipheke, ijusi noma uphudingi obandayo.

- ★ Cabanga ngephunga, ukunambitheka, ukuma kwalo nombala we-aphula noma nanoma yisiphi esinye isithelo. Cabanga ngomsindo esiwenzayo lapho usiluma. Manje bhala inkondlo ngaleso sithelo.



Drive your  
imagination



# Matty and the magical apple tree

By Bradley Paulse ■ Illustrations by Natalie and Tamsin Hinrichsen



There was once a young woman named Matty. She lived on a small farm, where the soil was hard and the work was tough. But Matty was no ordinary farmer. With determination she toiled under the hot sun to grow enough vegetables to sell at the bustling market nearby.

When her crops were ready, and she had more than enough to share, Matty packed her basket and headed to the market, her cheeks glowing with excitement. "Today I will sell all these vegetables and maybe get a treat for myself," she said.



You see, Matty's favourite treat awaited her at the market. It was apples – big, juicy, delicious apples. She couldn't resist their tempting sweetness. They were her reward for all her hard work.

At the fruit stall, Matty met a friendly old lady, her cheeks rosy like ripe apples. Her eyes twinkled as she watched Matty admire the colourful fruit.

Matty's thoughts danced around as she pondered which apples to buy for her next baking adventure. "Red apples, delicious for a cake," Matty said aloud as she picked up a red apple. "And maybe some Granny Smith apples for a pie, and a few Honey Crisp apples for muffins. And definitely some Golden Delicious apples for a warm apple crumble." As she named each apple, Matty added them to her basket.

The old lady chuckled. She reached out and handed Matty a golden apple. "Anyone who loves apples this much, deserves a special treat. Here you go, take this special apple. It will always bring you joy," the old lady said.

"Thank you very much," Matty said gratefully. The golden apple was bigger and more beautiful than any apple she had ever seen. She couldn't wait to get home and try it.

As the sun dipped behind the hills, Matty returned to her farm. She carefully sorted and cleaned all the apples, humming happily as she worked. She would bake all the delicious treats she had thought of, but she saved the special golden apple as a treat to eat.

Once Matty had sorted and cleaned all the apples, she picked up the special golden apple. "Now for my treat," she said. But as she was about to take a bite, a tiny head poked out of a hole in the apple.

"Don't eat me!" a worm squeaked.

Matty dropped the apple in surprise. "What in the world?" she gasped.

The worm wriggled out, his eyes wide and apologetic. "I'm sorry for nibbling your apple, but it was so tasty!" he said.

Matty couldn't decide if she should be angry or not. The old lady had said the apple would always bring her joy, but now she wasn't so sure.

Eventually Matty sighed and said, "Little worm, you are lucky I'm in a good mood today. Let me bury your apple in my backyard so that you can eat it in peace, away from the birds."

As Matty placed the apple in the hole she had made in the ground, the worm said, "Goodbye, Matty. I promise to repay you for your kindness." Matty waved goodbye and returned to her baking.

The next morning, as the first rays of the sun painted the sky, Matty's eyes opened to the sweetest scent she had ever smelled. She rushed outside and her jaw dropped in astonishment. Right before her eyes stood a gigantic apple tree, its branches heavy with the most magnificent apples she had ever seen.



Matty danced around the tree, her laughter mingling with the songs of birds. She picked the apples, one by one, marvelling at the miracle that had taken place overnight.

That evening, Matty returned to the tree, placing a freshly baked muffin at its roots. "Thank you," she whispered. "The old lady was right after all because this tree will indeed always bring me joy!"

## Get story active!

★ What is your favourite fruit? Draw a picture of it. Underneath your drawing, write the sentence, "My favourite fruit is ..." You can ask someone to help you write your sentence.

★ Make a list of all the things you can make using your favourite fruit. It can be something you bake or cook, a juice or a cold pudding.

★ Think about the smell, taste, shape and colour of an apple or any other fruit. Think about the sound that it makes when you bite it. Now write a poem about the fruit.

# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali


## Nal'ibali fun



1.



Ungamsiza yini uMatty athole i-aphula lakhe?  
Can you help Matty find her apple?



2.

Thola izimpendulo kule mibuzo engezansi ezindabeni ezikulesi sithasiselo. Bhala phansi IGAMA ELILODWA ukuze uphendule ithiphu ngayinge. Bese uthola amagama ebhokisini lokucinga amagama.



Find the answers to the questions below in the stories in this supplement. Write down ONE WORD to answer each clue. Then find the words in the wordsearch block.

### IMIBUZO

#### ★ Ayidliwa leyonto!

1. Umbala wesibungu udadewabo omncane ocishe wasidla.  
\_\_\_\_\_
2. Isinambuzane esihle esindiza sihambe futhi udadewabo omncane akhale.  
\_\_\_\_\_
3. Lokho uMama amlethela khona ukuba akudle.  
\_\_\_\_\_

#### ★ Inhlanzi eyayingakwazi ukubhukuda

4. Yini inhlanzi eyayingakwazi ukukwenza?  
\_\_\_\_\_
5. Umfana wayekwazi ukwenza umsindo onjengowale nyoni.  
\_\_\_\_\_

#### ★ UMatty nesihlahla sama-aphula esinomlingo

6. Lapho uMatty ayehlala khona. \_\_\_\_\_
7. UMatty wayeyini \_\_\_\_\_
8. Into uMatty ayeyithanda kakhulu. \_\_\_\_\_
9. Yini eyayiku-golden apple ekhethekile kaMatty?  
\_\_\_\_\_
10. Yini uMatty ayithola engadini yakhe ngakusasa ekuseni?  
\_\_\_\_\_

I	D	A	D	A	L	A	S	O	L
W	A	N	D	L	E	X	J	Q	R
U	K	U	B	H	U	K	U	D	A
M	U	V	E	M	V	A	N	E	M
L	C	R	P	H	I	N	K	I	A
I	P	U	L	A	Z	I	Z	H	A
M	S	E	W	U	A	M	E	K	P
I	S	I	B	U	N	G	U	R	H
I	S	I	H	L	A	H	L	A	U
O	I	Y	K	H	W	A	H	L	L
R	O	S	H	S	Z	J	L	E	A
I	B	H	I	S	I	K	I	D	I

### QUESTIONS

#### ★ You can't eat that!

1. The colour of the worm that the baby sister nearly eats.  
\_\_\_\_\_
2. The pretty insect that flies away and the baby sister cries  
\_\_\_\_\_
3. What Mom brings her to eat. \_\_\_\_\_

#### ★ The fish that couldn't swim

4. What could the fish not do? \_\_\_\_\_
5. The boy could make a noise like this bird.  
\_\_\_\_\_

#### ★ Matty and the magical apple tree

6. Where Matty lived. \_\_\_\_\_
7. Matty was a \_\_\_\_\_.
8. Matty's favourite treat. \_\_\_\_\_
9. What was in Matty's special golden apple? \_\_\_\_\_
10. What did Matty find in her garden the next morning?  
\_\_\_\_\_


P	F	A	R	M	E	R	A	S
A	I	W	O	R	M	A	P	L
R	N	E	D	S	W	T	P	N
B	U	T	T	E	R	F	L	Y
A	C	R	O	A	F	A	E	Y
P	L	E	S	G	S	R	S	K
I	S	E	W	U	A	M	E	I
N	I	P	I	L	R	U	S	K
K	R	Y	M	L	V	L	W	O

Answers: pink, butterfly, rusk, swim, seagull, farm, farmer, apples, worm, tree  
zimpendulo: pinki, umlimi, ama-aphula, isibungu, isihlahla  
ipulazi, umlimi, ama-aphula, isibungu, isihlahla

UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyipi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

- TheNalibaliChannel
- nalibaliSA
- @nalibaliSA
- @nalibalisa
- @nalibalisa
- The Nal'ibali Trust
- +27 64 801 5496



Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekela Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

